

Vuk'uzenzele

Niyethulelwa WuPhiko lukaHulumeni Lwezokuxhumana Nokudlulisa Kolwazi (GCIS)

English/isiZulu

Ncwaba 2020



Okufi-
nyeziwe
ngokuzi-
qhelanisa
Ikhasi 7



Ilunga lethimba
lezicishamlilo i-
Crew Juliet lisi-
xoxela udaba
lwalo
Ikhasi 8



Iningizimu Afrika yenza umnyakazo wokubhekana nokuntuleka kwemishini yokuphefumula



IMISHINI YOKUPHEFUMULA

ekhiqizwe kuleli izosiza iziguli ze-
COVID-19 ezingenamandla zikwazi ukuphefumula kangconywana.

Silusapho Nyanda

Impi yokulwa nesifo segciwane le-corona (i-COVID-19) eNingizimu Afrika seyiqinisiwe njengoba sibona umshini wokuphefumula wokuqala owenziwe kuleli.

Umshini wokuphefumula ebizwange-Continuous Positive Airway Pressure (i-CPAP) usiza iziguli ezinezimpawu ze-COVID-19 ezilingene zikwazi ukuphefumula kalula ngokuzihlinzeka ngomfutho olingene womoya-mpilo ozosiza ukugcina imigudu yomoya ivulekile.

Umshini wokuphefumula wakhiwe ngokubambisana nguMkhandlu Wocwaningo

Lwezesayensi Nezimboni (i-CSIR) nabalingani abaningana esebeenisana nabo kulo mkhaka futhi izosatshalalisa ezweni lonke ezigulini ezi-khombisa ukuba nengicindezi yokuphefumula esigabenii sokuqala sokutheleleka nge-COVID-19.

Ngokuvamile umoya ophefumulwa umuntu unama-phesenti angama-23 omoya ohlanzekile. Umshini wokuphefumula we-CPAP ukwazi ukumpompa izinga elingaph-ezulu kwalokho lomoya-mpilo, nokusiza umuntu akwazi uku-

Iqhube ka ekhasini lesi-2



Ukuze ufunde iVuk'uzenzele thola i-GOVAPP ku:



Bheka u-SA Government ku-Google playstore noma ku-appstore



UNGASITHINTA LAPHA

Iwebhusayithi: www.gcis.gov.za I-imeyili: vukuzenzele@gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za Ucingo: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 00083

ELAMAHHALA ALITHENGISWA

Bad behaviour results in alcohol ban

A TRAUMA SURGEON has welcomed President Cyril Ramaphosa's efforts to sober up South Africa, saying that heavy drinking was causing a headache for hospitals.

The sale of alcohol was once again banned in South Africa in the middle of July because of the number of people needing emergency care in hospitals as a result of drunken behaviour.

Instead of being available to help people who were very sick from the coronavirus disease (COVID-19), hospitals were treating patients wounded in car accidents or

fights that were caused by drinking too much.

Professor Steve Moeng, who is head of trauma at Gauteng's Charlotte Maxeke Hospital, explains that under level five of the lockdown, the hospitals' emergency rooms were nice and quiet but each time the country went to a lower level, the number of people needing emergency treatment at our hospitals increased.

He says that since the coun-

try moved to level four of the lockdown on 1 June, hospitals have seen more trauma cases.

"Unfortunately, this has had a negative impact in terms of our ability to deal with the COVID-19 load in our hospitals," he says, explaining that in South Africa, most of the trauma cases dealt with by hospitals are related to alcohol.

Moeng, who is also the academic head of trauma at the University of the Witwa-



tersrand, says when the emergency rooms are full, hospitals are not able to give as much time and resources to COVID-19 as needed.

He says there is a need to re-evaluate society's relationship with alcohol because too many people are not able to drink responsibly and

instead become drunk and disorderly and behave recklessly or badly as a result.

Emergency rooms tell the story of the impact on South Africa of the abuse of alcohol, with doctors spending most weekends stitching up victims of domestic abuse, car crashes or violent fights. **O – SANews.gov.za**

Isuka ekhasini loku-1

phefumula. Ophampu b e - CPAP b a m p o - mpa umoya-mpilo ngo-kuqhubekeyo. Linga-nyuswa noma lehliswe inani lomoya-mpilo umuntu awuphefumulo," kusho Isikhulu Esingumphathi Omkhulu e-CSIR Future Production: Manufacturing, u-Martin Sanne. Iziguli ezisebenzisa umshini wokuphefumula uxhunywe ku-sethenziswa isimfonyo sobuso. Umoya-mpilo udonswa ethangini lomoaya-mpilo oxutshwe nomoya wemvelo kumshini

wokuphefumula lapho uthunyelwa khona kusimfonyo bese uphefumula yisiguli. U-Sanne uthi phezu kokumpontshwa komoya onomoya-mpilo, i-CPAP iphinde ilekelele iziguli zikwazi nokuwu-khipha umoya.

I-CPAP iyinsiza engasetshenziswa ezindaweni zonbuchwepeshe obuseqophelweni eliphezulu iphinde ikwazi nokusetshenziswa ezikhungweni ezi-yizibhedlela zesikhashana nalapho kuhluswe khona abantu.

U-Sanne uthi i-CSIR izobeseyikhize imishini yokuphefumula eyizi-10 000

ekupheleni kukaNcwaba. Ngokusebenziana ne-Siemens, i-Simera, i-Akacia, i-Gabler, i-Umoya neNyuvesi yaseKapa, i-CSIR ikhiqize i-CPAP ngokwamazinga abekwe yiNhlango Yezempilo YoMhlaba.

Iqoqo lokuqala lemishini yokuphefumula lizonike-zwa izibhedlela zikahulumeni ezibhekene nengcindlezingenxa yokuntuleka kwezinsizakusebenza nemishini ekwazi ukulwané-COVID-19.

I-CSIR yaqala ukwakha i-CPAP emuva kokuba umhlaba uqale ukubhekana nokuntuleka okukhu-

lu kwemishini yokuphefumula.

"Cishe ngoNdasa nobe Mbasa, kwaba nokuntuleka kwemishini yokuphefumula obekungazelelwae kubahlinzeki bethu bamazwe omhlaba. Uma ikhona indawo owawukwazi ukuyithola khona, yayimba eqolo kakhulu ngakho uhulumeni wakhapha ithenda yokukhiqizale mishini yokuphefumula," kusho u-Sanne.

Leli thenda belyingxene yePhrokethi Kahulumeni Yemishini yokuphefumula kuZwelone ngaphakathi koMnya-

ng Wezohwebo, Ezezimboni kanye Nokuncintsa.

Omunye umsebenzi we-CSIR wukwakha umshini wokuphefumula Womfutho omigudumibili phecelezi i-Bi-level Positive Airway Pressure okuhloswe ngawo ukusiza iziguli ezenzimpawu ze-COVID-19 ezibucayi. Umshini wokuphefumula uzolekelela ngokufaka nokukhipha umoya, kungaba ngendella yomfutho onqunyiwe kanye nangendlela yokushintshashintsha inani lomoya ohlinzekwayo ngokubuka isidingo sesiguli. **V**



government
communications

Department:
Government Communication and Information System
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: 012 473 0353

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production
Khusela Diko | khusela@gcis.gov.za

Editor-in-Chief
Tyrone Seale | tyrone@gcis.gov.za

Managing Editor
Ongezwa Mogotsi
ongezwa@gcis.gov.za

News Editor
Noluthando Motswai

Writers
More Matshediso
Jauhara Khan
Silusapho Nyanda

Senior Designer | Tendai Gonese

Language Practitioners
Nomgcibelo Motha
Boitumelo Phalatse

Vuk'uzenzele
is published by Government Communications (GCIS)

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Printed by: RISING SUN PRINTERS
For Bilingual Services

Distributed by: ON THE DOT

Celebrating South African women

August is Women's Month, a time when we pause to celebrate the achievements and contributions made by South African women.

Why do we celebrate Women's Day?

In South Africa, 9 August is Women's Day and the month of August is National Women's Month. This is an opportunity to celebrate women's achievements and the important role that women of all races and religions have played and continue to play in South African society.

On 9 August 1956, more than 20 000 women from all walks of life united in a mass demonstration at the

Joseph, Albertina Sisulu, and Sophia Williams-De Bruyn.

In remembrance of what South African women

"Women of South Africa, be proud of what you have achieved."

Union Buildings in Pretoria. They protested against the unjust pass laws enforced on women in South Africa.

The women were led by Lillian Ngoyi – a trade unionist and political activist, Helen

achieved on that day, 9 August has been declared as National Women's Day and is a public holiday in South Africa. Women's Month is an opportunity to celebrate and reflect on the achieve-

ments of these inspirational women, the problems they faced in the struggle to be free and the important role all women continue to play in society.

Apart from their traditional roles as mothers, wives and caregivers, statistics show that women are making great progress in business, politics and academic and economic careers, with more and more women reaching top positions.

Make a difference

Women of South Africa, be proud of what you have achieved. Let the achievements of those who went before you inspire you to unlock your own strength and motivate you to make a difference in your family, your community and your country.

Go out and celebrate the women that you are. Go out and make a difference this Women's Month! 

Gender-based Violence

Gender-based Violence and Femicide (GBVF) continues to be a big problem in our society. The fight against GBVF cannot be left to government alone; it must be embraced by all South Africans – men, in particular.

Contact the Gender-based Command Centre in your area by calling 0800 428 428 or send a please-call-me to *120*7867#

Important numbers

If you are being abused or suspect that someone is being abused, call:

- South African Police Service 10111
- Childline 0800 055 555
- Stop Women Abuse Hotline 0800 150 150
- Lifeline 0861 322 322.

Hunga lethimba lezicishamlilo i-Crew Juliet lisixoxela udaba lwalo

ABESIFAZANE

kufanele babe ngamavulandlela, kusho isicishamlilo

Dale Hes

UVuyiseka Arendse oyisicishamlilo esisesincane (26) uyingxene ye-Crew Juliet, ithimba lokuqala lezicishamlilo zasendle ezingabesifazane zonke. Amandla nokuzimisela kwakhe ukuba azakhele igama emkhakheni wezicishamlilo, ngokuvamile obuswa abesilisa, kumenza abe yisibonelo esihle kubo bonke abesifazane.

U-Arendse wakhulela edolobhaneni laseNtshonala-nega Kapa elincanyana i-Beaufort West. Emuva kokuphothula esikoleni, wazama ukuqeleshwa ekolishi lase-Oudtshoorn, kodwa wabuye wanquma ukubuyela ekhaya ukuze akwazi ukweseka umndeni wakhe. Wake wasebenza esuphamakethe yendawo isikhashana, kodwa umsebenzi wokuba yisicishamlilo kwa yi-NCC Environmental



UVuyiseka Arendse oyisicishamlilo esisesincane uyingxene yethimba lezicishamlilo labesifazane bodwa lokuqala nqqa eNingizimu Afrika.

Isithombe: Alistair Burt - NCC Environmental Services

wamkhanga.

"Ngabona izicishamlilo zidlubhe umfaniswano wazo, zihamba ngamaloli akhona abomvu namakhulukazi. Ngalesosikhathinga qala ukuba netshisekelo futhi ngafuna ukwazi kabanzi ngalo msebenzi," kusho u-Arendse.

U-Arendse wayengomunye wababephothule izifundo zabo esikhungweni sikahulumeni waseNtshonala-nega Kapa sohlelo lokuthuthukisa intsha, i-Chrysalis Academy ngowez-2016. Emuva kwalolu hlelo, wasebenza esiteshini sezi- cishamlilo e-Beaufort West, ehola nje izi-R1 900 kuhela ngenyanga. Kodwa wazithela phezu kwethuba elalihlinze-kwa yi-NCC Environmental

Services ngonyaka ofile.

"Ngangisasebenza e-Chrysalis Academy njengomdidiyeli ngenkathi abakwa-NCC befi-ka esikhungweni bezotshela abafundi ngethuba lokufaka isicelo sokuqeleshwa ukuba sethimbeni lokuqala nqqa lezicishamlilo zesifazane zodwa zokucishwa kwemiliso yase- ndle. Yize noma ngangingesona isitshuden, nganginentshi- sekelo enkulu ngakho ngafaka isicelo sokuqeleshwa, isicelo sami semukelwa," kuqhube u-Arendse.

U-Arendse wathola ukue- qeshwa, okwakudidiyele ithiyori yokucishwa komlilo kanjalo nokwenziwa komsebenzi wokucishwa komlilo ngqo.

"Ngafunda okuningi kakhu- lu. Okokuqala nje, ngangi- ngazi ukuthi kunezicishamlilo omsebenzi wazo ukubekana namaqubula omlilo wasendle nje kuphela. Ngangicabanga ukuthi zazisebenza ukucisha imililo emadolobheni ukuze zicishe imililo emabhilidini ashayo," kusho yena.

U-Arendse wengeze ngo- kuthi kwakuwumuzwa omna- ndi kakhulu ukuphumelela ukuqeleshwa kwakhe, waba yingxene yethimba lokuqala nqqa lezicishamlilo ezinga- besifazane bodwa.

"Nganginentoko enkulu, ikakhulukazi ngoba ngangithi uma ngioxela abantu ukuthi ngifuna ukuba yisicishamlilo, iningi labo lingitshele ukuthi ngeke kwenzeke lokho ngoba njengomuntu wesifazane ngangingeke ngikwazi ukumelana nalo msebenzi. Lokhu kwanginika umfutho omkhulu ukuze ngibakhombise ukuthi nge- mpela ngangikwazi ukukwe- nza lokhu, ngingazenzeli mina nje kuphela kodwa ngenzele nabo bonke abanye besifazane eNingizimu Afrika."

U-Arendse uthi umsebenzi wakhe omkhulu wokuqala wo-

kuchisha umlilo e-Noordhoek wawuyinselele enkulu kodwa ekugcineni uwubala njengo-wawuyinzuzu nomklomelo omkhulu.

"Kwakuyishifti yami yoku- qala ephelele yamahora anga- ma-24 futhi kwakuyisikhathi sokuqala lapho sasisebenza njengethimba lezicishamlilo kanye namadoda. Kwaku- khathaza futhi kushisa kakhu- lu njengoba sasifake izimpahlha zethu zokuzivikela kodwa sakwazi ukuwuqedu umse- benzi futhi nomuzwa owa- landela lapho wawumnandi kakhulu unjengomhlomulo wokunqoba."

U-Arendse ukhuthaza abesifazane baseNingizimu Afrika ukuba bangalokothi bazibukele phansi.

"Ungatshelwa abantu ukuthi yini onamandla okuyenza naleyo ongenamandla oku- yenza." 

*Ukuze ubheke amanye amathuba ahlinzekwa yi-NCC Environmental Services, landela ikhasi labo lika-Facebook. Ungaphinde ubashayele lapha 021 702 2884 (eKapa), 010 007 5272 (eGauteng), 031 003 2964 (KwaZulu-Natali) noma 041 101 1033 (eMpuma- langa Kapa).